A Ulimi

- Kungani uNkulunkulu wayefuna kubhalwe iBhayibheli?
  - Ukufakaza ngemisebenzi yakhe kusukela endulo.
  - Ukwazisa abantu ngohlelo losindiso.
  - Ukusifundisa ukwenza ukulunga.
- UNkulunkulu wakhetha isizwe wasitshela iqiniso ngolwimi lwaso, isi Hebrew.
- Izincwadi ezabhalwa ezweni lase Babylon zifaka nolwimi lwesi Aramaic. Okwakuwu limi lomhlaba wonke ngaleso sikhathi.
- I Testamente Elisha labhalwa ngesi Greek esijwayelekile, esasizwiwa ngabantu bonke ngaleso sikhathi.
- Kulesisikhathi, kunezihumusho zeBhayibheli ezisenza siliqonde, ukuze siphile ngemfundiso yalo.

B Amagama

- Njenga kuzo zonke izilimi, kunamagama esi Hebrew nesi Greek asho izinto eziningana noma anemicondo eyahlukahlukene. Isibonelo:
  - *Chesed*. Umusa, ukulunga, ubumnene, isihawu, ukukholeka, ukuthandeka, ukulungisiswa, uzwelano, ukuhawukelana.
  - *Shalom*. Ukuthula phakathi kwamaqembu amabili, ukuthula komphefumulo, ukuzola, ukuphelela, ukupheleliswa, nempilo.
- Futhi kunamagama ehlukahlukene kodwa ahumusheka ngegama elilodwa ngolwimi lwethu. Isibonelo, “insali” (*she’ār*, *pālat*, *mālat*, *yāthar*, *sārid* and *‘aharît*).
- Ukunotha kwalawo malimi kusenza sizwisise kancono umyalezo uNkulunkulu awuthumela kithina nge Bhayibheli.

C Ukuphindaphinda

- Ababhali beBhayibheli basebenzisa ezinye izindlela ukugqizelela imicabango. Enye yazo kwakuwuku phindaphinda igama, njengelithi “wadala” noma “ongcwele”. Uma befuna ukugqizelela isimilo sikaNkulunkulu, babephinda igama kathathu (Gn. 1:27; Is. 6:3; Jer. 7:4).
- Isibonelo, u Daniel wagqizelela indlela u Nebuchanezzar aphonsela inselele kuNkulunkulu ngokuphinda kayishumi ukuthi wakha umfanekiso (Daniel 3:1, 2, 3, 3, 5, 7, 12, 14, 18).

D Ingqikithi

- Okungaphezu kokuzwisisa amagama okuqala, kufanele sizwisise nanokuthi asetshenziswa kanjani kwingqikithi yawo yangempela kanye neyomlando.
- Isibonelo esihle yigama lesi Hebrew elithi “*adam*”, elingahunyushwa njengegama lika Adam (Genesis 5:3; cf. 2:23) kanye nabantu (Genesis 5:2; cf. 1:27).
- Ngokwe ngqikithi yabase Roma 5:14, kumele silihumushe kanjani igama elithi “*Adam*” kulokhu?

E Ababhali

- Siyabazi ababhali bamabhuku amaningi eBhayibheli, ngisho nanokuthi abhalwa nini (u Amose uyisibonelo esihle). Kodwa, lolulwazi lutholakala kuphela emlandweni wama Juda nama Khristu okhulunywa ngomlomo kwesinye isikhathi.
- Kwesinye isikhathi, ingqikithi yomlando ibalulekile. Isibonelo, singangakwazi ukuzwisisa incwadi ka Exodus ngokuphelele uma singafundanga u Genesis kuqala.
- Ngaphezu kwalokho, iBhayibheli linezinkondlo, umlando, isiphrofetho, kanye nezincwadi. Yileyo naleyo ndlela ifundwa ihunyushwe ngendlela yayo.